S i y a h l a b e l e l a

1

Silapha-nje, simenywé nguwe,
Nkosi yethu, Simakade!
Semukelise nanamuhla
uMoya wakho womusa.
Bheka, siyakukhothamela,
thina bantwabakho sonke.
Nasekukukhonzeni kwethu
yiba nathi, sibusise!

NgoMoya wakho
wokulunga
sivuselele usakhe;
sibe yizikhuthali zakho,
sihlwayele, sihlakule!
Qeda ubumpumputhe
bethu
nokufiphala kwengqondo;
siphe iphimbo lokubonga
nesandla esiphanayo.

Yandis' intshumayelo yakho
liphuma lize lishona!
Masibe mlomo-munye sonke
sidumise kuzwakale!
Qoqa ngengalo enamandla
thina bantwabakho sonke;
nasekuvivinyweni konke
sithandane, sibe munye!

[J.-M. de Caron-Ferrière 1823 | Ben Khumalo-Seegelken 2000]

+

2

Jesu, kuthokoza kwami,
Wena, gugu lami!
Woza, Nkosi; hlala nami
Nezwi lakh' elihle.
Woza, Jesu, kimi,
Ngibe nawe njalo-ke.

Konke ngiyathand'
ukwenza
Egameni lakho;
Ubusis' ukusebenza,
Ngenz' intando yakho.
Woza, Jesu, kimi,
Ngibe nawe njalo-ke.

Konke engikukhuluma
Kube kuhle kuwe;
Ukungena nokuphuma
Makulondwe nguwe.
Woza, Jesu, kimi,
Ngibe nawe njalo-ke.

Nxa ngilala phansi, Nkosi,
Woza, ungilinde;
Nxa ngivuka, ungisize
Ukubonga wena.
Woza, Jesu, kimi,
Ngibe nawe njalo-ke.

Nxa ukufa kusondele,
Ziphelil' insuku,
Nkosi, mawungamukele
Ezulwini kuwe.
Woza, Jesu, kimi,
Ngibe nawe njalo-ke.

[*J. Arrhenius +1725]*

+

3

Nanku umthombo wegazi,
Uvela kuJesu,
Zigezeni kuwo, zoni,
Usiza kakhulu.

Nal‘ isela lajabula
Libona lomthombo.
Nami ngonile kangaka,
Ngingagezwa khona.

O, Nkosi, igazi lakho
Lingeke laphela!
Kusinde ibandla lakho,
Lingabe lisona.

Lapho ngaqal‘ ukubona
Lo mthombo wegazi,
Ngalukhulumela njalo
Uthando lweNkosi.

Ngisho ekufeni kwami
Ngisahlabelela,
Nom‘ uthul‘ umlomo wami,
Ngisahuba njalo.

[W. Cooper +1800]

+

4

1. Izinsizi zonke
Nezinyembezi
Nezinhlupheko
Sizethula kuwe
Siduduze, Nkos’
Sizibika kuwe
Siph’amandla, Nkos’

2. Imizamo yonke
Siciciyela
Sihlanganisa
Siyethula kuwe
Selekelele
Siyethula kuwe
Siph’amandla, Nkos’

3. Amaphutha onke
Neziphambeko
Nezikhubeko
Sikubika kuwe
Thethelela, Nkos’
Sikubika kuwe
Sixolele, Nkos’

4. Amathemba onke
Sishabasheka
Sishisekela
Awagcwaliseke
Seneliseke!
Awaphumelele
Udumiseke!

[Eugen Eckert 1981 | Ben Khumalo-Seegelken 2003]

+

5

Hlala nathi, Nkosi yethu!
Siphe ububele bakho;
Asinanto engeyethu,
Sidinga umusa wakho;
Sidinga umusa wakho.

Hlala nathi, Mlamuleli!
Nelizwi elihle lakho;
Siqinise singephuli
Yona imiyalo yakho;
Yona imiyalo yakho.

Hlala nathi, o, Mkhanyisi,
Usikhanyisele thina;
Sizwe lonke iqiniso,
Siligcine, sililonde.
Siligcine, sililonde.

Hlala nathi, o, Msindisi,
Nqoba zonk' izitha zethu;
Sivikele kumkhohlisi,
Sihlengwe ngelizwi lakho.
Sihlengwe ngelizwi lakho.

Hlala nathi, Mhlengi wethu,
Sithethelele izono;
Siphe ukwethemba wena,
Siyidele inkohliso.
Siyidele inkohliso.

Hlala nathi, Mhlobo wethu,
Usenzele insindiso;
Sihlangulwe ekufeni,
Hlala nathi, Nkosi yethu.
Hlala nathi, Nkosi yethu.

J. Stegmann +1632

+

6

Lihle leli zwe osiphé lona,
Somandla, Nkulunkulu wethu!
Zazinhle nezintaba zakhona,
Nonyezi nesibhakabhaka !
Ngemfuyo nangamasimu,
ngenzalo nenhlalakahle
walibusisa elakithi!

2 Nasezinxushunxushwini zonke
zokungezwani nobudlova,
ezinsukwini zokuhlupheka
sicindezelwa sibulawa,
welula isandla sakho,
waba ngumlamleli wethu,
wazigqabula izibopho !

3 Namhla sihlangene ngokubonga
nokukutusa ngomsa wakho.
Nezizukulwane ezizayo
sizifisela loluthando!
Ubuhle bezwe lakithi,
uxolo nokwazisana,
makwande emhlabeni
wonke !

[Ben Khumalo-Seegelken 1999]

>> mein liederbuch